



Kunomlilo Entabeni

Julie Smith-Belton Kirsty Paxton Nadene Reignier

Kunomlilo Entabeni

Le ncwadi ngeka







bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

Kunomlilo Entabeni

(There's a Fire on the Mountain)

Illustrated by Julie Smith-Belton

Written by Kirsty Paxton

Designed by Nadene Reignier

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in the Virtual Book Dash on 15 May 2021.

ISBN: 978-1-77632-535-1

Typeset in Overlock and Noto Sans

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence
(<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>).

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.



Kunomlilo Entabeni

Julie Smith-Belton Kirsty Paxton Nadene Reignier





Mina nabangane bami
sinomdlalo esithanda
ukuwudlala.

“Kunomlilo entabeni. Balekani,
balekani!”



Kwathi ngolunye usuku kwaba nomlilo
wangempela entabeni. Kwakuwumlilo
omubi kakhulu owavutha isikhathi eside.



Izakhiwo ezinkulu, zakudala
zasha, izincwadi zasha, izihlahla
notshani kwasha. Izindiza
ezinophephela emhlane zathela
amanzi emlilweni futhi izicishamlilo
ezinesibindi zawavulela kakhulu
amapayipi azo.




Abantu *babaleka*. Bathatha masinyane izincwadi zabo nezikhwama babaleka basuka entuthwini nasemalangabini.



Ngemva kwezinsuku ezintathu ezinde,
amalangabi okugcina acisha.


Izicishamlilo zazingaphumula ekugcineni.





Imithambeka yentaba yayimnyama. Lapho
sihamba entabeni, sasibona nje amadwala
nezihlahla ezishile.

Sadumala kakhulu.



Kwathi ngolunye usuku ... kwavela izintwanyaana ezibomvu phakathi kwendawo emnyama.

“Bhekani, bhekani. Yini leyana?”






Lezi zintwanyana
ezibomvu zakhula
zakhula zaze
zaba yizimbali
ezinhle okuthiwa
ngama-fire lilies,
zinde futhi zinhle phezulu
zinezimbali ezigobile
ezinesikhala phakathi.

Kwase kuvela izimbali ezinkulu, ezibomvu
phakathi kohlaza zaba njengezintabamlilo.
Zazibukeka njengamapayipi awugqinsi,
abomvu anezinto ezicijile eziphuzi phezu
kwezimbali ezinkulu, ezibomvu.

Iziqephu zohlaza zakhula zaqaqela
intaba, zaphendula izindawo ezimnyama
zaba utshani obuluhlaza nezihlahla
ezimfushane.



Kwase kumila izimbali okuthiwa ngama-asparagus fern ezindaweni ezimanzi ngemva kwemvula.



Kwamila nama-watsonia amade anombala owolintshi nophinki.

Ngokushesha, umthambeka
wentaba wagcwala
izitshalo okwase kuyiminyaka
eminingi singaziboni.



Intaba igcwele okusha okuphilayo!



